Umphakathi
Heartbeat of the community

thungela
Iphephabhuku lesigamu sonyaka

# Amazwi avela ku-Mpumi Sithole



**Mpumi Sithole executive head for corporate affairs, Thungela**

E Thungela sikholelwa ekwenzeni ibhizinisi ngobuqotho kulokhu esikukhiqizayo, ukubambisana nezinhlaka ezahlukene, kanye nasezimpilweni zabantu esizithintayo.

Lolu hlelo lwephephabhuku *Umphakathi* lugcwele izindaba eziveza okuhle esingakwenza uma sibambisana namathimba ethu ahlukahlukene, amadlela ndawonye, kanye nemiphakathi eyahlukene ukuze sibe nomthelela ozobonakala isikhathi eside, futhi osho lukhulu ezimpilweni zabaningi.

Noma ngabe lokhu sikwenza ngokuxhasa izinkulisa, ukuletha usizo kwezempilo olusezingeni, noma ukweseka amabhizinisi asafufusa – konke esikwenzayo kuveza ukuzinikela kwethu ngokubambisana ukuze kuhlomule abantu abaningi, hhayi idlanzana labathize.

Ukuzinikela kwethu ekuthuthukiseni wonke umuntu kusho ukuthi sitshala okuthize kubantu emazingeni kanye nasezigabeni ezahlukene, ikakhulukazi esizukulwaneni esilandelayo.

Njengoba sigubha Inyanga Yabantu Abasha siyazikhumbuza ukuthi kubaluleke kangakanani ukulalela, ukubambisana, kanye nokubamba iqhaza ukuqinisekisa ukuthi akekho umuntu omusha osala ngaphandle.

Lolu hlelo lwephephabhuku lugubha umoya wabantu abasha abanesibindi futhi abangenamahloni okubumba ikusasa labo, abaholi bemiphakathi kanye nezinhlangano ezibabambe ngesandla, kanye nezigameko zansuku zonke ezisikhumbuza ukuthi kungani lomsebenzi ubalulekile.

Siyaziqhenya ngokweseka ezomnotho emazingeni aphansi kanye nokuqinisa ukulethwa kwezidingo-ngqangi ezifana namanzi, ukuthuthwa kwendle, kanye nezempilo ezisezingeni elifanele. Lokhu akusikhona ukuzibophezela ngokwebhizinisi nje luphela: kodwa ukuzibophezela okwakhelwe phezu kwesisekelo sokuthembana, ukwabelana ngokufanele sikwenze, kanye nenkolelo yezinto esingazenza uma sibambisene.

Siyabonga kuwo wonke umuntu odlale indima yakhe. Lezi zindaba ziyasikhumbuza ukuthi sisebenza ngokunakekela, sinobuholi obuqotho futhi obunozwelo, siphinde sisebenze ngokubambisana. Siletha ushintsho olungale kokusebenza kwethu.

## Kulolu hlelo lwephephabhuku



Abantu abasha baphendula amakhono abo bawenze amathuba ezomnotho abonakalayo. Ikhasi 02



Izinsiza ezintsha zezemidlalo ziqinisa amaqembu aseMgewane nase-Kromdraai. Ikhasi 05



Amaguzu asemadala aletha isithunzi kubafundi. Ikhasi 19

8 DECENT WORK AND ECONOMIC GROWTH

# IThungela yeseka abantu abasha ngokuletha amathuba abonakalayo

## *Ukuphakama kwabantu abasha, kusho ukuthuthuka kwemiphakathi*

Abantu abasha banamaphupho, kodwa ukuthola umsebenzi noma ukuqala ibhizinisi akulula. Yingakho iThungela ibambisene nezinhlangano zomphakathi eKhwezela, Goedhoop naseGreenside ukusiza intsha, ixhase osomabhizinisi abasafufusa nabazoletha ushintsho.



EThungela sizibophezele ukuba nemithelela emihle futhi ezobonakala isikhathi eside emiphakathini esisebenzela kuyona. Lokhu asikwenzi ngoba silandela umthetho nje kuphela. Sikwenza ngoba sifuna ukuthuthukisa abantu siphinde sibasize ukuze babe ilokhu abafuna ukuba yikho, ngokuletha izinhlelo ezahlukahlukene kanye nokutshala izimali kubo.



## Ukufunda kabanzi ngamakhono ezobuchwepheshe eMalahleni

Ngenyanga ka-Lwezi enyakeni ka-2024, iKhwezela Collieries yelula uhlelo lwayo lwama-khodi kanye nobunjiniyela bezamakhompuyutha ngokwethula uhlaka lwama – technopreneurs. Lolu hlaka olwengeziwe lwasungulwa ngokubona izinga lokungasebenzi kwabantu abasha, kanye nokubasiza ukuthi baphendule amakhono abo ezobuchwepheshe bawenze amathuba ezomnotho.

Lolu hlelo luqoqe abantu abasha abayishumi abavela eClewer, eMgewane naseSchoongezicht, ukuze baqeqeshwe amasonto ayisithupha ngamakhono abonakalayo, izinsiza, nogqozi lokusungula amabhizinisi noma ukuthola imisebenzi kwezobuchwepheshe.

I-Proxa, okuyinkampani esebenza ngokuhlanza amanzi, yanikela ngamakhompuyutha ayishumi eKhwezela ngenhloso yokweseka lolu hlelo. Lomnikelo waqinisekisa ukuthi umfundi ngamunye uba nezinsiza-kusebenza ezifanele, waphinda wenza lokhu kuqeqeshwa kwaba umgudu ofanele wokuphucuka, ukufunda, kanye nokuqala ibhizinisi.

Lokhu kuqeqeshwa kwaphethwa ngomncintiswano wokwenza inzuzo, nokuyilapho ababebambe iqhaza abatshengisa khona amakhono abo ebhizinisini. Umphumela walo mncintiswano kwaba ukwenyuka kwentengo yamabhizinisi abo ezimakethe, kanye nentshisekelo eyengeziwe emikhiqizweni yabo.

Umthelela wohlelo lwe-technopreneur uyaqhubeka. Ababili ababebambe iqhaza sebaqeqesha abanye ku-AfriCAN, uhlelo lwe-Afrika olufundisa intsha amakhono ezobuchwepheshe, okubufakazi bamandla okwesekwa kwamathalente.

Kumanje iKhwezela isungula uhlelo lokuqhubeka nokubeseka ukuze bathuthukise amabhizinisi abo, bephinde beqhubeke nokubumba ikusasa labo.

# Ukuthuthukiswa kwamakhono entsha kanye nokuqeweshwa

## Uhlelo oluyisisekelo lokuqeqeshwa ngokukagesi eMiddelburg



Kuthe kusenjalo, i-Goedehoop, ngokubambisana ne-Strata Worldwide ne-ExcelGrow Group Holdings, yaqeqesha intsha ngamakhono kagesi eMiddelburg, ivala igebe phakathi kokufunda nokulungela ukusebenza.

I-Strata Worldwide, inkampani esebenza ngezokuphepha kanye nezobuchwepheshe emkhakheni wezezimayini eNingizimu Afrika, yalekelela ngokuletha uxhaso lwezokuhlela umsebenzi kanye nokunikezela ngezitifiketi ezigunyaziwe. I-ExcelGrow, umhlinzeki wokuqeqeshwa, isize ekwakheni nasekuletheni uhlelo oluhambisana nezidingo zezimboni nezindinganiso zikazwelonke.

Lokhu kuqeqeshwa kwenzeka phakathi kukaMfumfu noLwezi enyakeni ka-2024, kugxile emakhonweni kagesi avulela izithuba emikhakheni efana nowezokwakha, ukuphehla namandla. Kwabuye kwafundisa abahlanganyeli ukuhlonza amathuba omnotho emphakathini yabo. Lolu hlelo lwabiza imali elinganiselwa ku-R340 000, kuhlanganise imali yokuholela ababebambe iqhaza, izindleko zezokuthutha, nomcimbi wokuklonyeliswa kwabo.

Abantu abasha abangamashumi amabili nanhlanu (25) baqokwa ngokweziqu zabo, ukuzimisela, kanye nogqozi ukuba babe ingxenye. Lolu hlelo lwaba nabafundi abaxubile, iningi labo ababeneziqu emkhakheni wobunjiniyela kwezikagesi kusukela ku-N1 kuya ku-N6.

Laba bekungabantu abasha abanentshisekelo nolwazi abebevele bedinga ithuba lokusebenzisa amakhono abo. Ngokubambisana nezinye izinhlangano, sikwazile ukusiza ukuguqula lelo khono libe yithuba langempela.

Lolu hlelo luvalwe ngomcimbi wokuklonyeliswa, nalapho okwaklonyeliswa khona abafundi abahlanu (5). Bathola izitifiketi ezisemthethweni futhi ezisemazingeni kazwelonke, ezabenza bahlonzwa ngokusemthethweni njengabantu abaqede ukuqeqeshwa ngempumelelo, behlonzwa i-Strata Worldwide ngokubambisana ne-ExcelGrow Group Holdings, kanye neThungela.

Lezitifiketi zizobasiza ukuthi bagqame njengabantu abakulungele ukusebenza.

## Ukwesekwa kwe-Kuyenzeka Youth Centre endaweni yase-Klarinet

Endaweni yaseMalahleni e-Klarinet, i-Kuyenzeka Youth Centre isiyaba indawo ethenjwa ngabantu abasha okuyilapho bethola khona ukwelulekwa ngokwemikhakha yabo, ukulungiselela umsebenzi, kanye namakhono empilo. Konke lokhu kuhloswe ngakho ukuba bekwazi ukuthola amathuba bephinde bethathe izinyathelo ezilandelayo.



I-Greenside Colliery yabe isinikela ngezinsiza-kusebenza e-Kuyenzeka, nokuyingxenye yokuqinisekisa lesi sikhungo njengesizinda sokusizakala kwentsha yakulendawo. Lokhu kufaka phakathi isiphehli-mandla ukuqinisekisa ukuthi isikhungo siyasebenza nangezikhathi zokucinywa kukagesi, izihlalo eziyisikhombisa (7) kanye namatafula ayisikhombisa (7), ukuqinisekisa ukufunda okunothile. Kanye ne-printer elekelela ngokuhlelwa komsebenzi.

Ngale kwezinsiza-kusebenza ezibonakalayo, lokhu kubambisana kwaphinde kwaletha uxhaso lwezokuhlela ukusebenza. I-Greenside yanikela ngoxhaso lolwazi lokuthi isikhungo singakuthola kanjani ukuphasiswa okufanele ngokwezinhlelo zaso, ukuqinisekisa ukuthi sinikezela ngezinhlelo ezisemthethweni futhi ezinomthelela obonakalayo. "Izindawo ezifana ne-Kuyenzeka zingabafumbathisi bethemba. Izindawo la abantu abasha bethola khona umhlahlandlela, inhloso-ngqangi kanye nokugqugquzeleka." Kusho u-Lebogang Laboshakga, ongu-social performance facilitator e-Greenside Colliery. "Ukubambisana kwethu kulekelela ukubumba ikusasa la intsha ezizwa icijekile futhi ithola ukwesekwa." Kusho yena.

# Amalungelo abantu

## Ukuzibophezela kweThungela mayelana namalungelo abantu: senza okusemthethweni

**Amalungelo abantu ayisisekelo sokuletha isithunzi, ukulingana, kanye namathuba. EThungela sizibophezele ukuhlonipha wonke amalungelo ngokwemigomo ye-UN Guiding Principles on Business and Human Rights, nokuyinto egxile kakhulu emigomweni yethu yokusebenza kwansuku zonke.**

Ilungelo lemfundo ilona esigxila kulona kakhulu kule ngosi. Sikholelwa ekutheni ilona elivula amathuba. Siphinde siveze ukuthi njengebhizinisi sisebenzisana kanjani nemiphakathi eyahlukene ukuze leli lungelo libe nomthelela obonakalayo.

Imfundo iyingxenye esemqoka emsebenzini wethu wokuthuthukisa ezomnotho kanye nenhlalakahle yabantu, ngoba siyakholelwa ekutheni ikusasa lesizwe likubantwana baso.

### Ilungelo lemfundo eyisisekelo: sakha amathuba ayingqayizivele ngemfundo

Wonke umuntu unelungelo lemfundo eyisisekelo. EThungela sikholelwa ekutheni imfundo iyona eyakha imiphakathi enolwazi futhi enesizinda esiqinile. Yingakho sitshala imali ezinhlelweni ezeseka abafundi, othisha, kanye nezikole.

**Esikwenzayo kufaka phakathi:**

**01. Ingqalasizinda yezikole:**
Sitshala imali ekwakhiweni kwamagumbi okufundela, izinhlelo zokuthutha indle, nenhlanzeko, kanye nezindawo zokufunda emphakathini ukuze kube lula ukufunda nokufundisa.

**02. Imifundaze:**
Sinikezela ngoxhaso kubafundi abafisa ukufunda emabangeni aphakeme, ikakhulukazi emikhakheni yobunjiniyela nesayensi.

**03. Izinkulisa:**
Ukuxhaswa kwezinkulisa (ECD) ukuze siqinisekise ukuthi izingane zithola imfundo efanele emazingeni aphansi.

**04. Imfundo esemazingeni afanele kanye nokuthuthukiswa kothisha:**
Sinohlelo lweminyaka emihlanu noMnyango Wezemfundo eMpumalanga lokuthuthukisa ulimi, izibalo, ukufunda, nokuthuthukiswa kothisha.

### Ukuzwakalisa ukukhononda ngendlela ephephile futhi enobumfihlo

Sesikwenze kwaba lula ukuthi abantu baphawule ngokusebenza kwethu ukuze bavikele amalungelo abo. Izikhalazo zingabikwa ngokusemthethweni noma ngobumfihlo ngaphansi kohlelo lwethu **i-HAIBO!,** eliphethwe inkampani ezimele.

Lokhu kungenziwa yibo bonke abasebenzi, osonkontileka, abahlinzeki, namalungu omphakathi abafuna ukuveza ukunganeliseki, ikakhulukazi kwezokuphepha nokwephula imithetho.

Inombolo yamahhala: 0800 555 117 | Email: Thungela@tip-offs.com | Website: www.tip-offs.com

*Yonke imibiko yamukelwa ngokucophelela, ngokuphuthuma, futhi ungasebenzisa noma iluphi ulwimi olusemthethweni.*

# Ezemidlalo, izindawo ezifanele, kanye nokuziveza



Amalungelo abantu awasiyona ingxaphephe; abalulekile nsuku zonke. Ilungelo lezemidlalo, ukubamba iqhaza, nokuzizwa wamukelekile lisiza intsha ngokuqinisa ukuzethemba kanye nokuningi okungenzeka ngekusasa labo.

Yingakho iKhwezela Colliery ngokubambisana ne-Proxa, beseka amaqembu amabili (2) ezemidlalo endaweni yaseMgewane nase Kromdraai ngaphansi kukaMasipala waseMalahleni.

Endaweni yaseMgewane, iMasiphumelele Netball Team inikeza amantombazanyana ithuba lokuncintisana, yakha ubungani nokuzethemba. Ukweseka uhambo lwabo, iKhwezela kanye ne-Proxa banikela ngemijezi yebhola lomphebezo ephelele, amabhola, izikhwama, izinsiza-kufunda, kanye namaqabeko, ukutshengisa ukuthi ukubamba iqhaza nesithunzi samantombazanyana kuyahambelana.

Lo mnikelo wenza ukuthi leli qembu libe ingxenye yomqhudelwano ngoZibandlela, nalapho elawunqoba khona lomqhudelwano. Umphakathi wase-Kromdraai usunesikhathi eside uzishaya isifuba nge-Youthville Football Association. Njengoba leliqembu laziwa ngokuhlonza ithalente eliyisimanga kanye nokugcina intsha imatasa ngokuthile, leli qembu nalo lahlomula ngemijezi yebhola, amabhola, izikhwama, amapali amasha kanye nendawo yokuhlala izihlwele esezingeni.

Lokhu kutshalwa kwezimali kwakha izinkundla zemidlalo ezinhle futhi kuqinisa ukuphila nokuhlalisana kwabantu. Ngoxhaso lwezinto ezifanele zokudlala, intsha iyakwazi ukuzibandakanya, imindeni iphuma ngezinkani izokweseka izingane zayo, nomphakathi ujabulela izinzuzo zemidlalo.

> **Iphupho lethu kwakungukuthuthukisa intsha ngamathuba okukhula ngokwengqondo, umzimba, nezenhlalakahle," kusho uLindokuhle Maseko, uyi-Project manager eKhwezela. "Izinhlelo zethu zezemidlalo zitshala ukuzethemba, ukubambisana, nokuziqhenya komphakathi.**

Ezemidlalo azijabulisi kuphela; zenza intsha ibe nezwi, ukuzazi, nelungelo lokuba yingxenye yezinto ezinkulu. EThungela siyakuqonda ukuthi ukudlala kubalulekile ekuthuthukisweni nasekuphokophelweni kwabantu.







# Simi nabantu abasha: Uhlelo lokulwisana nokukhulelwa kwabafundi eKopanong



Ukukhulelwa kwezingane kuyaqhubeka nokuphazamisa abantu abasha eNingizimu Afrika. Ingane yentombazane eyodwa kwezine iyakhulelwa ingakafiki eminyakeni engamashumi amabili (20), okubangela ukuphazamiseka kwamathuba abalulekile okufunda.

Lesi isihlava ababhekana naso minyaka yonke e-Kopanong Senior Secondary School, endaweni yase-Ackerville eMalahleni. Izingane ezine (4) noma ezinhlanu (5) ziyakhulelwa kulesi sikole minyaka yonke. Izingane ezinogqozi lokuphumelela, ezinezinhlelo kanye namathemba ngekusasa lazo.

Lesi sikole sibambisene neGreenside Colliery, Highveld Hospital, noMnyango Wezempilo eMpumalanga ukwenza ukuqwashisa nokuxhasa abafundi ngocansi olungaphephile, imvume yokwenza ucansi, nokuthi ukukhulelwa kusemncane kuthinta kanjani ukufunda nekusasa.

"Laba ngabantu abasha abanentshisekelo yokuphumelela kanye namaphupho, konke okugcina sekuphazamiseka." Kusho uSamkelisiwe Vilakazi, oyi-social perfomance specialist eGreenside Colliery.  "Isikole besifuna ukuguqula isimo, thina besazi ukuthi indlela yokwenza

lokhu ukuthi sihlangane nabafundi lapho bekhona. Sikhulume amaqiniso njengoba enjalo, kodwa ngokunakekela kanye nokucophelela. "

Ukuze senze lezi zingxoxo zibe netshisekelo kubantu abasha, iNyathela Works okuyiqembu lendawo elinandisayo, lasiza ukudlulisa lo mlayezo ngendlela enokujabula kanye namahlaya ukuze abafundi bengalahlekelwa intshisekelo kulokhu okwakuxoxwa.

"Ukudlala kwabo eshashalazini kwenze kwaba lula ukwedlulisa izimfundiso ezisemqoka, besebenzisa amahlaya." Kusaqhuba yena uVilakazi.

"Ukubona abafundi behleka, bejabule, bebe bewamukela njengoba unjalo umlayezo ebesifuna ukuwedlulisa, ikhona okwenze lolu hlelo lwaba impumelelo

Umhlengikazi uSister Holly Mtshweni waseHighveld Hospital wahola lolu hlelo, ekhuthaza abafundi ukuba bacabange ngekusasa labo futhi bazigcine ukuze bagweme ukukhulelwa okungahleliwe nezifo zocansi, ngomlayezo onokuhlonipha nothuthuzelayo.

Lesi sikole ngokuhlanganyela nesasibambisene nabo, senza kwaba lula ukubamba izingxoxo zeqiniso nabafundi, nokuyinto eyenzeka ngokubahlonipha, baphinde banikezwa izinsiza zokuthatha izinqumo ezingcono, batshengiswa nokuthi umphakathi wabo uthembele kubo futhi nekusasa lawo lisezandleni zabo.





# iThungela ihlanganyela namadlela ndawonye eMpumalanga Business Connect

iThungela isanda kujoyina uhulumeni, amabhizinisi, kanye nezithunywa ezivela emazweni omhlaba eMpumalanga Business Connect ebibanjelwe eMalahleni, ngokumenywa nguNdunankulu uMandla Ndlovu.

Lomcimbi ubuhlanganise abaholi besifundazwe, amalungu esishayamthetho, abaphathi bamadolobha, abaholi bezinhlangano zikahulumeni, nezithunywa zamazwe omhlaba ezifana neChina Chamber of Commerce, ukuze kuqinise ukubambisana nokuvula amathuba emisebenzi, ukutshalwa kwezimali, kanye nentuthuko eMpumalanga.

Enkulumweni yakhe yosuku, u-Director General wesifundazwe saseMpumalanga uNkss. Maggie Skosana wagcizelela ukubambisana emikhakheni eyahlukene, waphinde wanxenxa ukusebenza ngokubambisana kwabasemabhizinisini ukuze kwakhe ukuhwebelana okuzothuthukisa umphakathi. Umlayezo wokusebenza ngokubambisana iwona owawuheleza kulomcimbi.

NgokweThungela, lomcimbi wagcizelela ukubambisana nohulumeni wesifundazwe namadlela ukuze kwakhiwe umthelela oqinile. Umbono kaNdunankulu wokukhulisa umnotho ngamaphesenti amathathu (3%) uhambisana nokuzibophezela kwethu ekuthuthukiseni imiphakathi nasekunciphiseni ukungasebenzi, ukuxazulula izinkinga zamandla, nokuphucula izimpilo zabantu.

Ekhuluma kulomcimbi, ungqongqoshe wezemfundo esifundazweni uNkosazana Cathy Dlamini ugcizelele ukubaluleka kwezinkampani ezizimele ukuthi zisebenzisane nohulumeni.

SiyiThungela siyavumelana nalomgomo, futhi siqinisekisa ukuthi utshalomali lwethu luhlangabezana nezidingo zomphakathi futhi lusekele intuthuko yesifundazwe.

Ukuba ingxenye yezinhlangano ezifana neMpumalanga Business Connect kugcizelela inkolelo yethu ekutheni ushintsho olubonakayo lwenzeka kangcono uma uhulumeni, amabhizinisi, kanye nemiphakathi kusebenza ngokubambisana.



# I-Greenside Colliery neMaspala waseMalahleni beseka abahwebi basemgwaqeni eWitbank

Abahwebi basemigwaqeni eWitbank baziphilisa ngezindlela ezinzima, bengenaso ngisho isivikelo noma ingqalasizinda yokusekela umsebenzi wabo.

I-Greenside Colliery ngokubambisana noMaspala waseMalahleni yanikela ngamatende angamashumi amabili (20), kanye nezitulo namatafula kubahwebi abasebenza enkabeni yedolobha, ngenhloso yokuthuthukisa izimo abasebenza ngaphansi kwazo.

Lolu hlelo luyingxenye yokuzibophezela kwesikhathi eside kweThungela ekwesekeni osomabhizinisi abasafufusa, kanye nokuphucula izimpilo zabantu ezindaweni esisebenzela kuzo.

Iningi lalabahwebi abasebenza ngokuzikhandla bachitha amahora amaningi behleli elangeni, emvuleni, emoyeni onamndla nomakhaza bengenayo ingqalasizinda yokuzivikela, okungaholela ekulahlekelweni yinzuzo, impahla, kanye nokungaphatheki kahle



kwabo namakhasimende.

Omunye wabahlomula, uMaria Mlotshwa osebenzela ngasesakhiweni sakwa-SARS kuBotha Street wadlulisa amazwi okubonga.

"Ngiyabonga kakhulu ngetende." Kusho yena. "Iyasiza kakhulu uma kuna imvula, kanti namakhasimende ami aseyakwazi ukuhlala ngaphansi kwetende uma edla. Ngiyabonga kakhulu. Ngiswele wona amagama okubonga."

Lemipheme isiyingxenye yezitaladi eziphithizelayo zenkaba yedolobha lase-Witbank, kanti ayilethi ukukhosela nje kuphela, kodwa iletha ukuhleleka nokuziqhenya emnothweni osemazingeni aphansi wakulendawo.











6 CLEAN WATER AND SANITATION

# Ukutholakala kwamanzi kuletha impilo kwezolimo endaweni yaseMgewane



Ukuba namanzi anele kungenza omkhulu umehluko ekutshalweni kwezithombo nasekukhuleni kwazo. Amanzi awasisona isidingo-ngqangi nje kuphela emphakathini waseMgewane; kodwa ayimpilo uqobo lwayo.

Ukuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi ngendlela ephephile, iKhwezela Colliery ne-Proxa banikela ngamathangi amabili e-Jojo nezinye izinsiza ku-Auxins Farming, inhlangano yendawo ezibandakanya ekukhiqizeni ukudla kanye nakwezolimo emazingeni aphansi.

Kwabuye kwanikelwa ngamathangi amathathu e-Jojo eMgewane, okusiza abalimi abasafufusa ukuthi bagcine izitshalo ziphila, kuthuthukiswe izimpilo, kuphephiswe ukudla, futhi kwakhiwe



8 DECENT WORK AND ECONOMIC GROWTH

# Osomabhizinisi besifazane ibona abangabaholi eMalahleni

EMpumalanga endaweni yaseMalahleni iqembu labesifazane lisebenza kanzima ukuze lakhe amabhizinisi anozinzo kanye nekusasa elingcono. IZibulo Colliery engaphansi kweThungela isanda kwenza umcimbi wekhethelo obekuhloswe ngawo ukweseka osomabhizinisi besifazane.




Lo mcimbi wahlanganisa osomabhizinisi besifazane nabaholi abanolwazi ukwabelana ngolwazi namathuba okukhula, njengengxenye yokuzibophezela kweThungela ekuthuthukiseni amabhizinisi besifazane emiphakathini enezimayini.

"Lo mcimbi akuwona owokugcina." Kusho u-Eugene Moremi ongumphathi weZibulo Colliery. "Uyingxenye yochungechunge lwezinhlelo zokuthuthukisa osomabhizinisi besifazane ngokubanikeza izinsiza kusebenza ezizodlondlobalisa amabhizinisi abo. Ukucobelelana ngolwazi kanye nakho konke okuxoxwe kulomcimbi kuzolekelela ekubumbeni uhlelo lwethu lwe-supplier and enterprise development (SED) nesihlose ngalo ukuba nenqubekela phambili ebonakalayo."

Lo mcimbi ubunezimenywa ezimbili (2) ezinohlonze. UZibu MaSotobe Sibiya ongusomabhizinisi owasungula iZoluhle Group, abuye abe yisikhulumi somhlaba wonke oseneminyaka engaphezu kweyishumi (10) ecija amabhizinisi ehlukene ngamasu ahlabahlosile okwakha uzinzo, ukuhlela ngendlela efanele, kanye nokwenza inzuzo isikhathi eside. Waveza ulwazi olunzulu mayelana nokubhekana nezingqinamba ebhizinisini, kanye nokuphathwa kwezimali.

Ngakolunye uhlangothi uThando Maseko ongunjiniyela wezasezimayini, oneminyaka eyishumi nantathu (13) eyibambile endimeni, aphinde abe ngumqondisi we-Inayo Mining, nokungagcini lapho ngoba uphinde abe ngumqondisi we-Overlooked Colliery kanye ne-BRSW – naye uphinde waxoxa ngohambo lwakhe lokubumba ibhizinisi eliyimpumelelo emkhakheni wezezimayini, waphinde weluleka ngamasu okudlondlobalisa nanoma iliphi ibhizinisi.

Usuku luphele ngokuxhaswa kwabesifazane ababili (2) ngamakhompuyutha nezigayi maphepha, kanti abanye bathole ithuba eliyingqayizivele lokuhlangana nethimba elihlonza osonkontileka eThungela ukuze bazi kabanzi ngamathuba angavela.

IThungela izibophezele ukwengeza osonkontileka besifazane njengenxgenye yesibophezelo sokuqasha ngokuvulelekile. Lokhu kuzoqinisekisa ukubamba iqhaza kwesikhathi eside kanye nokudlondlobala okubonakalayo.





# Amadoda asePhola elwisana nokuhlukumeza ngokobulili kanye nokuhlaselwa kwabantu besifazane ngodlame




Ukuhlukumeza ngokobulili kanye nodlame olubhekiswe kubantu besifazane kuyisihlava esihlasele abantu abaningi kakhulu eNingizimu Afrika.Isikhathi esiningi konke kwenzeka buthule, ebudlelwaneni, ezikoleni, emsebenzini, kwesinye isikhathi kwenzeka egameni lamasiko noma usiNtu. Endaweni yasePhola sekuheleza umoya woshintsho njengoba amadoda akhona aseqala ukuba ingxenye yesixazululo.

Amadoda angaphezu kwekhulu neshumi (110) ahlangane endaweni yasePhola eMalahleni, emcimbini obambisene neZibulo Colliery, i-Men of Truth Foundation, kanye nendlu yobukhosi bakwa-SoGutjhe, baxoxa ngokuzazi, inhlonipho, imizwa, namandla okuba amadoda angcono kusasa.

Lomcimbi ubuyindawo ekahle yokuzibukisasa kwamadoda ngale kokucwasana ngokwamazinga.

Lona ngumbono owabumbeka endlini yobukhosi bakwa-SoGutjhe ngomkhankaso wabo obizwa ngokuthi yi-"We Love Our Boys" okuhloswe ngawo ukukhulisa abafanyana ukuze babe ngamadoda aphelele futhi aqotho.

"Kusemqoka ukuvuma ukuthi uma kukhulunywa nge-GBVF kusuke kugxilwe kubantu besifazane kanye nezingane, kodwa nokuxoxa namadoda kubaluleke ngendlela eyisimanga." Kusho uLinda Dludlu oyi-social perfomance manager eZibulo Colliery "Lezi zingxoxo zinikeza amadoda isibindi kanye nokwesekwa ukuze ashiye izinkolelo nemikhuba yakudala, kube iwona abavikeli, hhayi abenzi bokubi."

U-Sihle Nkomo uyi-human resources manager khona eZibulo Colliery yena ubeke kanjena: "Lento iqala ngathi. Kuzomele kube yithi esibhekana ngqo nemikhuba emibi, sikhulise amadodana ethu ngenhlonipho, siphinde sifundise namadodakazi ethu ukuba ayilindele inhlonipho kwabesilisa."

Lolu suku lwahlanganisa abantu kanye nezinhlangano eziwukhathalele lomkhankaso, kusukela emnyangweni wezeMpilo esifundazweni saseMpumalanga, kuze kuyofika kuMaspala wendawo, amaphoyisa, izinhlangano zamatekisi, kanye nezinhlangano ezeseka izisulu zobugebengu. Konke ukuphawula kwengeze isisindo emgodleni wosuku, kanti ukuba khona kwawo wonke umuntu kube isigxivizo sokuthi lenkinga ingeyethu sonke.

Ikosi uMnumzane uSipho Mahlangu ubeke wathi: "Ukuhlangana kwethu kukhombisa ukuthi ushintsho lusengenzeka, futhi sizimisele ukulwenza ngokubambisana."

EPhola usuqalile umshikashika wokulwa nodlame, ngethemba lokuthi abesifazane bayovikeleka futhi amadoda azohola ushintsho.



3 GOOD HEALTH AND WELL-BEING

# I-Nkulo Trust ithuthukisa ezempilo e-Witbank Tertiary Hospital




Ezempilo ezisezingeni elifanele ziwumgogodla wanoma imuphi umphakathi ophokophele phambili, kanti uma izibhedlela zezifunda zinazo zonke izinsiza kusebenza, umvuzo ubonakala ngisho nangaphandle kwesibhedlela.

I-Nkulo Community Partnership Trust inikele ngokusemthethweni ngezinsiza zezempilo kanye nemishwanguzo elinganiselwa emalini eyizigidi eziyisithupha zamaRandi (R6 million) esibhedlela i-Witbank Tertiary Hospital, njengengxenye yomkhankaso wabo wokulekelela izibhedlela zezifunda esifundazweni saseMpumalanga. Kulesi sibhedlela kwelashwa abantu abagula kakhulu esifundeni saseNkangala, kanti sidlala indima ebalulekile ohlelweni lwezempilo lwesifundazwe.

Lomnikelo ubufaka phakathi izimpahla nezingubo ezilinganiselwa kuzinkulungwane ezingamashumi amabili (20, 000) kufaka ekhathi amashidi emibhede, imiqamelo, izingubo zokulala, izimpahla zokulala iziguli, nokokwendlala imibhede kanye nizinsiza kusebenza ezingamakhulu amabili nanye (201) ezidingeka kakhulu ezifana neziqhano zokuhlanganisa imithungo. Konke lokhu kusemqoka ekusebenzeni kwanoma isiphi isikhungo sezempilo.

Lesi sibhedlela samukela iziguli ezisesimeni esibucayi ezibalelwa emashumini amabili (20) ngosuku, nokuyinto eletha ingcindezi njengoba iningi lalezi ziguli zihlala isikhathi eside esibhedlela ngenxa yezimo zempilo ezibucayi.

Lomnikelo uqinisekisa isibophezelo seNkulo Community Partnership Trust ekulekeleleni izikhungo zikahulumeni ukuba zisebenze ngendlela efanele. Ngokutshala imali ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yezempilo, le-Trust yeseka ukuthuthukiswa kwezenhlalakahle yabantu, kanye nemigomo yemiphakathi exhumene nokusebenza kweThungela.

I-Nkulo Community Partnership Trust isebenzela imiphakathi eyakhele oMaspala abafana nowaseMalahleni, Steve Tshwete, kanye neGoven Mbeki, kanye nakwezinye izindawo eziyizizinda zabasebenzi. Idlala indima ebalulekile ekushintsheni ukusebenza kwezimayini ukuze kuhlomulise umphakathi ngobubanzi.












3 GOOD HEALTH AND WELL-BEING

# Ukuqala kabusha eThandanani Centre

I-Thandanani Centre esendaweni yaseBethal ngaphansi kukaMaspla iGoven Mbeki isibe indawo yethemba kanye nokunakekelwa kwabantu isikhathi eside. Lendawo inezinhlangano ezingenzi nzuzo ezine (4) ezilekelela umphakathi ngezempilo, izinhlelo zabantu abasha, ukunakekelwa kwabantu abadala, kanye nangezinto zansuku zonke.

Kulesi sikhathi asebesisebenzile, kubonakale izakhiwo zabo sezifadabala. Ngokubuka leso simo, i-Isibonelo Colliery ibe isibambisana nomphakathi ukuze kulungiswe lezi zakhiwo, kungenwe ekhasini elisha.

Ukulungiswa kwalezi zakhiwo kufaka phakathi ukuqendwa kabusha kwezindonga, izindlu zangasese, kanye nokubiywa kabusha ukuze kuqiniswe ezokuphepha.

Lendawo iyisizinda sezinhlangano ezifana nePhilasande Health, Lethi Themba Drop-in Centre, SesFikile Youth Centre, kanye nesikhungo sokweseka abantu abadala. Zonke lezi zinhlangano zidlala indima ebalulekile ekuphileni kwabantu baseBethal.

Ukulungiswa kwalendawo kuletha isithunzi emphakathini, ikakhulukazi kubadala, intsha nabadinga usizo lwezempilo. Kuletha ukuzethemba, ithemba, nokuzizwa benothile. Kuphinde kubeyisokhumbuzo sokuthi yini engenziwa abantu uma bebambene.

IThandanani isikulungele manje ukuqhubeka nokudlala indima yayo emphakathini, okungukunakekela, ukuqinisa ezokuxhumana, kanye nokuletha nanoma iluphi usizo emphakathini.



# Ukwesekwa kwezinkulisa endaweni yase-Clewer




EThungela sikuqonda kahle ukuthi lugotshwa lusemanzi. Imfundo efanele emazingeni aphansi yenza kube lula ukuhlelela ikusasa kanye nokufunda okuyimpumelelo emazingeni aphezulu. Ingakho iKwezela Colliery ibambisene noProxa kanye noMphikeleli neseka inkulisa esendaweni yaseClewer, ngaphansi kukaMaspala waseMalahleni.

Sasizibekele umugomo olula; ukuphucula izimo zokufunda ezinganeni nakothisha ngokuthi sibanikeze izinsiza kusebenza ezihambelana neminyaka yabo, ezibasizayo futhi eziphephile Kulolu hlelo iKhwezela Colliery yanikela ngezitulo kanye namatafula ezingane, izipontshi zokulala uma sekuyisikhathi sokulala, kanye nenye ifenisha elekelela ukusebenza kukathisha. Loluxhaso olwengeziwe luyasiza ekuphuculeni lendawo ukuze ibe sesemeni esifanele lapho izingane ezincane zikwazi khona ukufunda, ukudlala, kanye nokukhula.

Ukuze sihlangabezane nesidingo sokuphicula ingqalasizinda kulendawo, usonkontileka esisebenzisana nayo uMphikeleli walungisa kabusha waphinda wafaka izindlu zangasese ezintsha ezakhelwe izingane ezincane. Lokhu kubeka eqhulwini ezokuphepha kanye nenhlanzeko.

Lokhu kubambisana sekuyiguqulile lendawo kwayenza isizinda sokufunda nokukhuliswa kwezingane ezincane esiphephile, nokwenza othisha kanye nabanakekeli bekwazi ukugxila emsebenzini wabo wokukhiqiza izimfundiso ezibalungele abantwana kanye nokufunda kwabo.







# Abafundi base-Impilo Primary School baqala ikhasi elisha

Abafundi abangamakhulu amabili namashumi ayisikhombisa nanye (271) sebefundela endaweni ephephile, nenikeza ithemba eKriel, ngenxa yotshalomali lwe-Goedehoop Colliery e-Impilo Primary School. Lomsebenzi ongaka uqhamuke emva kweminyaka kunezikhalazo zokufadabala kwesikole i-Springbok Primary School, okuyisikole esasungulwa ngeminyaka yama-1980s. Ngenxa yezakhiwo ezindala ezifadabalayo, lesi sikole saba isisulu sobugebengu nokucekeleka phansi, nokwasenza sangaba indawo ephephile yokufunda kanye nokufundisa.

> **"IThungela kanye nomnyango wezemfundo eyisisekelo bebekhathazeke kakhulu ngokuphepha kanye nezimo abafundi nothisha abazithola ngaphansi kwazo." Kusho u-Marcia Mabuza oyi-social performance specialist e-Goedehoop. "Besazi ukuthi kumele sithole isisombululo esizolekelela abafundi kanye nothisha."**

Leso sisombululo kwaba imali elinganiselwa ezigidini eziyisithupha zama-randi (R6 million) eyatshalwa esikoleni esiseduzane Impilo Primary School. Lendawo okuyiyona eyahlonzwa njengendawo ephephile futhi evuleleke kuwona wonke umuntu yayizothuthukiswa iphinde ikhuliswe ukuze ihlangabezane nazo zonke izidingo zomphakathi.

## Lesi sikole esakhiwe kabusha sifaka phakathi:

Amakilasi amasha amane **(4)**

Izindlu zangasese zomgodi nezisemanje zakhiwe kabusha ukuze zifaneleke abafundi bamazinga aphansi.

Ikhishi elisha elinefenisha ephelele lokuxhasa ukuphakelwa kwabafundi.

Izinsiza zasengadini zokuvikela kokudla kanye nokufunda umsebenzi wezandla




Amagumbi okufundela amathathu **(3)** aphuculiwe

Igumbi lothisha negumbi lokubambela imihlangano

Umtapo wolwazi omusha

Izinsiza zasengadini zokuvikela kokudla kanye nokufunda umsebenzi wezandla

"Amagumbi okufundela amasha, izakhiwo ezakhiwe kabusha kanye nakho konke ukutshalwa kwemali esikudlulise namhlanje kuzoba umgogodla wokubumba ikusasa eliqhakazile lezingane eziningi." Kusho u-Tman Mphkane oyi-general manager yase-Goedhoop Colliery. Ukuthuthukiswa kwalesi sikole sekuyingxenye yohlelo i-Thungela Education Initiative, uhlelo lweminyaka emihlanu lapho sixhasa khona izikole ezingamashumi amane nanhlanu (45) koMaspala abathathu(3) esisebenza ngaphansi kwabo.

"Imfundo iwukuphila kwanoma isiphi isizwe." Kwengeza uMphokane. "Kodwa ukuze ukufunda kuchume, kumele kwenzeke endaweni la abafundi bezizwa bephephile, begqugquzelekile, futhi bathole ukwesekwa, bese kuthi othisha banikezwe konke abakudingayo ukuze benze umsebenzi wabo ngendlela efanele."

IThungela ayiwuthathi lomsebenzi njengomsebenzi wokwakha isikole nje kuphela, kodwa iwuthatha njengokutshala konjiniyela bakusasa, ososayensi, osomabhizinisi, othisha, kanye nabaholi beNingizimu Afrika. Isigaba esibheke ekwenzeni imfundo esezingeni elifanele ukuthi ibe yingxenye yokuphila kwabantu, njengoba kunesidingo esikhulu salokho.

# Uhlelo lwezikole lokugqunywa lusaqhubeka nokusiza abafundi bakaMatikuletsheni



Isibonelo Colliery sesisize abafandi bakamatikuletsheni abaningi kusukela ngonyaka ka-2024, ukuze bathuthukise imiphumela yabo, ikakhulukazi ezifundweni zezibalo nesayensi. Lolu hlelo lunikezela ngezifundo ezikhethekile njalo ngemiGqibelo nangamaholidi ezifundweni ezifana neSingisi, izibalo, kanye nesayensi. Lezi zifundo ezengeziwe zisiza abafundi ngolwazi kanye nezinsiza kusebenza okungatholakali njalo ezifundweni zabo ezijwayelekile.

"Kusukela ekuqaleni, lolu hlelo lokugqunywa kwabafundi kwakuhloswe ngalo ukuphucula imiphumela kamatikuletsheni esekuphele iminyaka ingemihle kulesi sifunda, ikakhulukazi ezifundweni zezibalo kanye nesayensi." Kusho uMpumi Sithole oyi-executive head of corporate affairs. "Inhloso akuseyikho ukusiza abafundi ukuthi bephase nje kuphela, kodwa ukubasiza ukuthi bephase ngamalengiso ukuze bezokwazi ukushintsha izimpilo zabo."

**Abafundi abangaba ngu-1,203 kwabangu -1,204 bakwazile** ukuphasa bathole izitifiketi selokhu kwaqala lolu hlelo.

Kwatholakala o-distinction abangama- **95 ngonyaka ka-2024** kulezi zifundo kuphela.



**U-100% wabafundi abangu-84** ababeyingxenye yohlelo bakwazile ukuphasa nge-bachelor ngonyaka **ka-2024,** nokwabenza baba semathubeni okungena ezikhungweni zemfundo ephakeme

**Bonke abafundi baziphasa** zonke izifundo ezingumgogodla walolu hlelo.

USomelele Thafeni umfundi owabaqwaqwada bonke amakhanda wathola o-distinction abayisikhombisa, usenza izifundo zobunjiniyela basezimayini. Ababemulandela ngemumva kwakungo uHappy Mtsweni, Nonhlanhla Hlatshwayo, Gerald Khaba noMalefetsane Radingoane abathola o-distinction abayisithupha ngamunye.

Ukuqala kwalolu hlelo sekube nesandla ekutheni isifunda i-Gert Sibande siqophe umlando ngokuthola u-87% uma kukhishwa imiphumela kwamatikuletsheni.

Lemiphumela ikuveza ngokusobala ukuthi uma abafundi bengathola uxhaso olufanele, bengafinyelela emazingeni aphezulu emaphusheni abo.




# Ukuqonda kabanzi ngempilo yemayini

## Uthi ubuwazi?

Ukumbiwa kwezinsiza ezingaphansi komhlaba kunguhambo olulandela imvelo, kuqala ngokuzihlonza, kukhiqizwe, kusetshenziswe kahle umhlaba, kuya ekuvuselelweni kwawo umhlaba njengokulima noma ukwakha ngendlela.

Ukumbiwa kwezimbiwa kuncike enanini lezimbiwa ezitholakalayo, kungathatha isikhathi esifushane noma eside, kodwa kubalulekile ukubheka nomthelela emvelweni nasemphakathini.

Impilo yemayini ivamise ukulandelana ngalezi zigaba:



**01 Ukuhlonzwa:** ukuthungathwa kwezimbiwa emathunjini omhlaba.

**02 Ukuthuthukiswa:** ukulungisa umhlaba nokwakha ngokuphephile.

**03 Ukukhiqiza:** Ukumba izimbiwa eziseka imikhakha ehlukene nemiphakathi.

**04 Ukuvalwa kanye nokuhlunyeleliswa:** ukuhlunyeleliswa komhlaba nokudala amathuba amasha.

Kule ngosi Umphakathi sizokuthatha sikubeke esigabeni ngasinye, ukuze sizoqonda sonke ukuthi umhlaba kanye nemiphakathi eyakhe kuwo kwesekwa kanjani uma kumbiwa izimbiwa.

## Izigaba nokuthi kwenzakalani:

### 1 UKUHLONZA (ISIGABA SOKUTHUNGATHA)

**Kuyini:**

Lapha kusuke kuthungathwa izimbiwa emathunjini omhlaba. Kumayelana nokuqonda ukuthi yini ekhona ngaphansi komhlaba, nanokuthi ingambiwa yini ngendlela efanele.

**Okwenzakalayo:**



- Abacwaningi-mhlaba bacwaninga umhlaba namadwala
- Kuthathwa amasampula, kuqhunyiswa umhlaba ukuwuhlola.
- Kwenziwa ucwaningo lwezemvelo ukuze kuqondwe kabanzi ngezitshalo, izilwane namanzi.
- Imiphakathi ibe isiqala ukubona abacwaningi kanye nosolwazi bezemvelo endaweni.
- Kube sekuthathwa isinqumo ngokuthi kumele yini kuqhubeke ukumbiwa

### 2 UKUTHUTHUKISWA (ISIGABA SOKUHLELA UMSEBENZI)

**Kuyini:**

Uma izimbiwa zanele, kulungiswa imayini ngokwakha izakhiwo, ingqalasizinda nezinhlelo zokumba okuphephile.

**Okwenzakalayo:**


- **A** Kukhucululwa umhlaba ngokwemvume esemthethweni uma kudingeka.
- **B** Kwakhiwa imigwaqo, amahhovisi, nezindawo zokugcina izinsiza.
- **C** Kube sekufakwa izinhlelo ezahlukene zokuvikela imvelo, ezifana nokudonswa kwamanzi.
- **D** Kuhlelelwa ukuvalwa kwemigodi kwenziwa kungakaqalwa ukumbiwa.
- **E** Kuxoxiswana nemiphakathi kuzo zonke izingxenye zempilo yaleyo mayini.

## 3 UKUKHIQIZA (ISIGABA SOKUMBA)

**Kuyini:**

Lesi isigaba sokusebenza, lapho khona izimbiwa zisuke zilandwa emathunjini omhlaba. Kumbiwa usuku nosuku.

**Okwenzakalayo:**




## 4 UKUVALA NOKUVUSELELA (ESIGABENI SOKUPHELA KOKUMBIWA)

**Kuyini:**

Uma ukumbiwa sekuqediwe noma kungasahlomulisi, umhlaba uyavuselelwa kulungiselelwe amathuba amasha kuwo.

**Okwenzakalayo:**

| | |
|---|---|
| Izinsiza kusebenza ziyasuswa ngokuphepha. | Kuhlelelwa ukusetshenziswa komhlaba njengokulima, ukongiwa kwemvelo nezokuvakasha. |
| Umhlaba ubuyiselwa esimweni sawo. | Imiphakathi ithola uxhaso lwamakhono namathuba ezomnotho. |
| Kuvikelwa izinhlelo zokuphakelwa kwamanzi. | Imayini ibe isifaka isicelo sokuvala emva kokulandela imigudu eqinile yezomthetho. |
| Kutshalwa izitshalo ezingumnsinsi wokuzimilela. | Umhlaba ube usungena esigabeni esilandelayo, nokungukuphilisa izizukulwane ezilandelayo. |

**Zonke izigaba zibalulekile futhi zihlelwa ngokukhulu ukucophelela.**

**Hlala nathi!**

Kwezinye izingosi ezilandelayo zoMphakathi sizobe sikuchazela kabanzi okuhlelwa kwalezi zigaba, siphinde sikucobelele ngolwazi mayelana nemigomo yomhlaba okusetshenzwa ngaphansi kwayo, nanokuthi ukuvalwa kwemayini kungawaletha kanjani amathuba amasha emphakathini, imvelo, kanye nasezizukulwaneni ezilandelayo.

# Imfucuza yemayini iphendulwa izicathulo zesikole ezintsha

Inqwaba yabafundi baseMpumalanga bahlomula ngemifaniswano yesikole emisha kanye nezinye izinsiza ezibalulekile. Lokhu akugcinanga ngokubhekelela izidingo zabo nje kuphela, kodwa kulethe isithunzi, ukuzethemba, kanye nokuzizwa beyingxenye yokufunda emagumbini okufundela. Ohlelweni lokweseka ezemfundo oluholwa ngokubambisana iKhwezela kanye ne-Goedehood Collieries abafundi abagqokeli ukuya esikoleni nje kuphela, kodwa bagqokela ukuphumelela.

EMalahleni, iKhwezela Colliery ngokubambisana nosonkontileka uZizwe bahlela umkhankaso wezicathulo zesikole ezikoleni ePhakama Primary School, Witbank Primary School, kanye ne Kopanang Secondary School. Ngokubambisana namakhansela endawo ku-ward 10 naku-ward 17, banikeze izicathulo zesikole kanye nezinye izidingo ezithinta inhlanzeko kubafundi abaswele.

"Izicathulo zesikole zibukeka njengento encane, kodwa izona ezivamise ukwenza umfundi azizwe ekulungele ukufunda, azizwe eyingxenye, futhi ezinikele ekufundeni." Lawa ngamazwi kaSamkelo Hlophe oyi-project manager eKhwezela Colliery.

Endaweni yaseBlinkpan, i-Goedhoop Colliery nosonkontileka abahlukene banikela ngemifaniswano engama-125 kubafundi. Lomnikelo wenani elilinganiselwa ku-R234,506 wawufaka phakathi izicathulo, amasokisi, amahembe, amajezi, amabhulukwe, iziketi, kanye namalambu azolekelela abafundi ukuthi bekwazi ukutadisha emakhaya.

Okwenza lomnikelo ube nesisindo ukuthi wawuhlanganisa uxhaso lwezemfundo kanye nezindlela



zesimanje zokuphathwa kwemfucuza. Amapheya angamashumi ayisikhombisa nanhlanu (75) ezicathulo okwanikelwa ngazo eBlinkpan Primary School enziwa ngamaguzu, wona kanye lawa agqokwa ngabasebenzi basemayini uma bemba izimbiwa emathunjini omhlaba. Ngokubambisana kweZibulo Colliery kanye nenkampani yendawo eqoqa imfucuza, kwaqoqwa amaguzu amadala aphekwa kabusha, kwabe sekwakhiwa ngawo izicathulo eziqinile ezingagugi kalula.

**"Isicathulo nesicathulo kuleli hlelo sikhuluma indaba yomfundi oyongena egumbini lokufundela nentshisekelo, kanye nendaba yeguzu eselinikezwe impilo entsha," kusho uTman Mphokane oyi-general manager e-Goedhoop Colliery. "Lomsebenzi uveza okuhle okwenzekayo uma kuhlangana impucuzeko yesimanje kanye nemithelela yenhlalakahle yabantu. Lokhu kukhombisa okungenziwa izimayini ngokunakekela imiphakathi esebenzela kuyo.**







Lolu hlelo luveza obala ukuzibophezela kokucabanga okuncike kwezomnotho, lapho khona imfucuza ingalahlwa kodwa ithathwa yenziwa okuhle okuhlomulisa umphakathi, imvelo, kanye nekusasa.

## Izikhalazo | Uhlelo lokukhononda kanye nemininingwane yokuxhumana

**IThungela inohlelo oluqhubekayo oluvumela amalungu omphakathi ukuba afake izikhalazo nokukhononda. Lolu hlelo luqinisekisa ukuthi isizinda esithintekayo sizokwamukela izikhalazo emahoreni angaphansi kwangu-24, bese siphendula ngesikhalazo ngasinye ezinsukwini zokusebenza ezinhlanu noma ngaphansi. Amalungu omphakathi ayanxenxwa ukuba ayisebenzise lemigudu eyakhiwe ngokuhleleka yiThungela ukuze ezwakalise izimvo zawo, nokuyinto engqugquzela ukusebenza ngokuvuleleka phakathi kwemayini nomphakathi.**

### Ungasibhalela ku:

Goedehoop
faith.mashego@thungela.com

Zibulo north shaft project
Msizi.myeni@thungela.com

Zibulo
zibuloengagement@thungela.com

Mafube
nonkululeko.msinga@thungela.com

Isibonelo
isisp@thungela.com

Khwezela
lindokuhle.a.maseko@thungela.com

Greenside
lebogang.raboshakga@thungela.com

Elders
Musa.Mitileni@thungela.com

### Ungasivakashela wena siqu ku:

Unogada waleso sakhiwo

Veza ulwazi olulandelayo:

- Usuku kanye nesikhathi
- Igama lakho kanye nemininingwane yocingo
- Umsuka wesikhalazo sakho
- Isixazululo esifiswa nguwe

Vakashela i-website yethu kanye namakhasi asezinkundleni zokuxhumana:

www.thungela.com

Thungela

Thungela